

SARS UYAQHUBEKA NOKUSEBENZA

PRETORIA, ngoLwesihlanu 29 kuNdasa 2019 - IMinyango yokuThelisa yakwa-SARS esebezena emachwebeni, ikakhulukazi emingceleni, azange iphazamiseke kakhulu.

Yonke imingcele yeMinyango yokuThelisa iyasebenza ngezinhelelo zezimo eziphuthumayo ezbekiwe. IMinyango yokuThelisa yesekwe kakhlulu ama-ejensi ezokuphoqeletwa komthetho kuyo yonke imingcele, ikakhulukazi uMnyango wamaPhoyisa, kanti lokhu kuholele ekutheni ube mncane umthelela kulezi zindawo. Abakwa-SARS bayibuyekezile imibiko yabezindaba, ebiqhakambisa ukunqwabelana kwamaloli emngceleni wezwe, okungase kube yimbangela yokugcwala komthamo wezimoto emgwaqeni hhayi umbhikisho, njengoba amaloli aye elinde ukudluliswa ngaphambi kokuqhubeka.

Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule abakwa-SARS bawazisa amazwe angomakhelwane, Southern African Development Community (SADC) kanye ne-Southern African Customs Union (SACU) ngombhikisho owawungase ube khona, ngakho-ke bekungeyona into entsha kuwo. Akunamthelela kuwo.

Kukhona izigameko ezimbalwa zokusatshisa kwabasebenzi nokuphazamisa ukuhamba kwezimoto emingceleni, kodwa amaPhoyisa asilungise ngokushesha lesi simo. Kuboshwe umsebenzi oyedwa wakwa-SARS emngceleni waseLebombo, kanti asikho esinye isigameko noma ukubambezeleka esikwaziyo.

Mayelana namagatsha akwa-SARS, abakwa-SARS bayaqhubeka nokuqapha okwenzekayo kuzo zonke izindawo, kanti futhi ungathola okwenzeke kamuva ngokungena kusizindalwazi sethu nangokulandela ku-twitter ku- @sarstax. Imininingwane mayelana nokusebenza kwamagatsha, kanjalo nezinto ongazenzo uma ungakwazi ukungena noma ukufinylela egatsheni lwakwa-SARS, usizo luyatholakala futhi kulezi zinkundla.

Emagatsheni angama-53 akwa-SARS emhlabeni wonke, angama-33 avaliwe ngenxa yokungezi kwabasebenzi emsebenzini. Umphakathi waseNingizimu Afrika uyaggugquzelwa ukuba usebenzise ezinye izindlela zokukhokha:

Uma ukhokhela intel:a:

- Ebhange;
- EFT; noma
- ngokusebenzisa i-eFiling.

Ngolwazi olwengeziwe ngezindlela ongakhetha kuzo zokukhokhela intel:a, sicela uye ekhasini elithi '[How do I Pay](#)'.

Uma ukhokhela uMnyango wokuThelisa:

- [eFiling](#); noma
- EFT.

Ngolwazi olwengeziwe ngezindlela ongakhetha kuzo zokukhokhela uMnyango wokuThelisa, vakashela ikhasi leziNkokhelo zoMnyango wokuThelisa ku-www.sars.gov.za.

Mayelana nemibuzo yanoma yisiphi isikweletu esingakhokhiwe/esisilele kanjalo nokwenza izinhlelo zokuhlehliswa kwasikweletu, icicelo zingathunyelwa kulawa makheli e-imeyili alandelayo:

- Debt1@sars.gov.za wegatsha lase-Alberton (kubandakanya i-Nigel, Germiston, Brakpan, Boksburg, Benoni, Vereeniging kanye ne-Springs)
- Debt2@sars.gov.za wegatsha lase-Pretoria, Limpopo kanye nase-North West Province
- Debt3@sars.gov.za isifundazwe saKwaZulu Natali kanye nezifundazwe sase-Eastern Cape

- Debt4@sars.gov.za isifundazwe sase-Western Cape, Northern Cape nesase-Freestate
- Debt5@sars.gov.za we-Megawatt Park (kubandakanya Johannesburg, Roodepoort, Randfontein kanye ne-Krugersdorp)

Yize abakwa-SARS belazi ilungelo labasebenzi lokubhikisha, bayawazi futhi nomthwalo wombuso wokujinisekisa ukuthi unezinsiza ezanele zokuhlinze ka izakhhamizi ngosizo lwezempi lo, amanzi nokudla okwanele, ukwesekwa komphakathi, ezezindlu kanjalo nemfundo eyisisekelo.

Abakwa-SARS benza konke okusemandleni nokulingana nephakethe labo ukuxazulula lokhu kungqubuzana.

Abakwa-SARS bathole umyalelo wenkantolo wesikhashana e-Labour Court ovimbela amalungu eziNyunyana ukuba angabhikisheli ezindaweni ngaphandle kwalezo ezikhishwe ku-CCMA Picketing Rules yamhla ziyo-18 kuNdasa 2018. Lokhu kulandela ukubhikisha namaqoqo angekho emthethweni okwenzeke ezindaweni okungavunyelwananga ngazo, okuyilezi, SARS Head Office e-Brooklyn, Pretorius nase-Alberton Campus.

Abakwa-SARS neziNyunyana zabasebenzi bazohlangana namuhla, ngoLwesihlanu, mhla zingama-29 kuNdasa 2019 emahhovisi ase-CCMA ukuze babe nezingxoxo ngokuzama ukuchibyela lmithetho yokubhikisha i-Picketing Rules.